Isifundo 13

**Disemba 19–25*

Izulu, Imfundo, kanye Nokufunda Kwaphakade

NgeSabatha Ntambama

Funda Kuleliviki:
Johane 3:16, 1 Johane 5:13, 1 Tim. 1:16, 1 Kor. 13:12, Zech. 13:6.

Indimana Yekhanda:
" 'Lokho iso elingakubonanga, nendlebe engakuzwanga, okungavelanga enhliziyweni yamuntu, uNkulunkulu akulungisela abamthandayo' " (1 Korinte 2:9, NKJV).

Iombongi, yesaba ukufa, yabuza ukuthi umuntu angaphila kanjani ngaphandle "kokwazi ngokuqinisekile ukuthi kusa kuni, kufa kuni, siphetho sini, okwakulindelekile ngale kwethuna na?" Waloba enkondlweni yakhe lokho akubiza nge-IHP, "Institute of Preparation for the Hereafter." Kepha othile angalungiselela kanjani ingale kwethuna uma engazi ukuthi kwenzekani emuntwini kulo na? ngenhlanhla, iBhayibheli lisinikeza ukhasha olukhulu ngodaba lwezulu, umhlaba omusha, kanye nokufunda Nokuphila esizokwenza kulo lonke iphakade. Njengoba sibonile kuyo yonke lekota, i-IHP ilapha futhi njengamanje, kulokhu kuphila, futhi yonke imfundo yethu—nakuba ikomuphi umkhakha—kumele isilungiselele lelokusasa.

Kusenjalo, noma yisiphi isikole singadlulisela ulwazi oluningi olulungileyo, ulwazi oluningi oluhle noluphathekayo futhi nolusizayo. Kodwa kumenzelani okuhle umuntu uma engazuza lonke lolo lwazi kepha alahlekelwe ngukuphila okuphakade na? Kuleliviki sizobuka lokho esikutshelwa nguMoya ngesikole sokugcina semfundo, isikole siqhubeka ingunaphakade futhi lapho sizofunda futhi sikhule ingunaphakade. Kulesisikole sangale kwethuna, sizofunda izinto, kulomhlaba wamanje, esingakwazi nokuzicabanga.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, December 26.*

The Fate of the Dead

Ngeminyaka yo-1600 umbhali ongum-French ogama lingu-Blaise Pascal wayezindla ngesimo sesintu. Kuye, kunye okwakusobala: noma ngabe umuntu uphila isikhathi esingakanani (futhi ngalesosikhathi babengaphili isikhathi eside), futhi noma ngabe impilo yalowomuntu ibilunge kangakanani (futhi impilo yayingeyinhle kakhulu ngalesosikhathi) Kungekudala lowo muntu uzofa. Futhi, noma yini eza ngemuva kokufa yayizoba yinde, yinde okungapheli, kunesikhathi esifushane lapho esandulela ukufa. Ngalokho, ku-Pascal, okuyikona okwenza umqondo umuntu angakufuna ngukwazi ukuthi Isiphetho Sabafileyo, futhi wayemangazwa ngukubona abantu bexakaniseka ngezinto ezinjengoku "lahlekelwa yisikhundla, noma ukuthukwa kwesithunzi sabo," kepha bangabi nandaba nokuthi kwenzekani uma sebefile. Wayenephuzu u-Pascal. Futhi akungabazeki ukuthi kungani iBhayibheli lichitha isikhathi esiningi likhuluma ngesithembiso esilindele labo abathole insindiso kuJesu, isithembiso sokubalindele kusasa.

Funda izindimana ezilandelayo. Themba lini esilinikezwayo na? Johane 6:54, Johane 3:16, 1 Johane 5:13, 1 Tim. 1:16, Johane 4:14, Johane 6:40, Juda 1:21, Titus 3:7.

Impilo engunaphakade yenza omkhulu umqondo ngokwesiphambano; ngokwesiphambano, akukho okunye okwenza umqondo ngaphandle kokuphila okungunaphakade. Ukuthi uMdali wezulu nomhlaba, yena "owenza imihlaba" (Heb. 1:2), yena kuye "siphila, futhi sihamba, futhi kuye sikhona" (Zenzo 17:28), Yena, uNkulunkulu, angaba ngumuntu futhi kulesosimo afe . . . efelani na? Ukuze ekugcineni sibole, njengokushayiswe yimoto na? Yingakho iTestamente Elisha liza ligcwele izithembiso zokuphila okuphakade, ngokuba yingunaphakade kuphela eliqinsekisa imbuyiselo. Izigidi ngezigidi zeminyaka, zingase zingabi nawo Amathuba amahle ngokwanele ukucisha okubi. Yingunaphakade kuphela elingalinganisa izinto, lithayisele ngaphezulu futhi, ngoba okungapheli kungaphezulu kokuphelayo, futhi ngokungapheliyo. U-Pascal wayeqinisle: isikhathi sethu lapha sifinyeziwe kakhulu ngokuqhathaniswa nalokho okuzayo. Kungubuwula ukungalungeli ingunaphakade elisilindele.

Uthini kothile ongenandaba nokuthi kwenzekani ngale kokufa na? Ungamsiza kanjani lowomuntu ukuba abone Ubuwula balokho kucabanga na?

Ukuphila Okusha

“Futhi uNkulunkulu uyakuzesula izinyembezi zonke emehlweni abo; ukufa akusayikuba khona; nokudabuka, nokukhala, nobuhlungu akusayikuba khona; ngokuba okokuqala kudlulile” (Samb. 21:4). Lokhu kusitshelani mayelana nendlela okwehluke ngayo kunalomhlaba Ukuphila kwethu Okusha okuyoba yiko, Ukuphila okungenako ukufa, usizi, kanye nobuhlungu na?

UmKristu wayekhuluma nomngani mayelana nethemba leVangeli, isithembiso sempilo engunaphakade ngoJesu Krsitu. Lomuntu waphendula ngokungekuhle kulokho. “Impilo engunaphakade na?” kusho yena ngokuthuthumela. “Ngumcabango omubi kakhulu! Iminyaka yethu engu-70-80 lapha mibi ngokwanele. Ngubani ongafuna ukunweba lokhu ingunaphakade na? Kungaba yisihogo lokho.” Lomuntu ubengaba nephuzu, ngaphandle kokuthi wayengaqondi ukuthi isithembiso sempilo engunaphakade akukona nje ukuqhubeza impilo esinayo lapha. Maye—ngubani obengafuna lokho na? Kunalokho, njengoba indimana engenhla isho, okudala sekwedlulile, futhi zonke izinto sezizintsha.

Izindimana ezilandelayo zisitshelani mayelana Nokuphila Okusha okuzayo na?

2 Pet. 3:10–13

Samb. 21:1–6

Umbuzo obalulekileyo kithina kukho konke lokhu yilo: Kuthatha ini ukuba yingxenye yalokhu kuphila Okusha na? Sifinyelela kanjani lapho na? Singaqinisekisa kanjani ukuthi sizoba yingxenye yako na? Yiziphi izinto empilweni yethu, uma zikhona, ezingasivimbela ekubeni yingxenye yalokho uNkulunkulu asithembise kona ngoJesu na?

Siyokwazi Ngalesosikhathi

"Izulu liyisikole; umkhakha wemfundo, konke okudaliweyo; uthisha walo, Yena Waphakade. Igatsha lalesisikole lasungululwa eEdeni; futhi, icebo losindiso lifezekile, imfundo iyoqala phansi esikoleni saseEdeni."—Ellen G. White, *Education,* p. 301.

Uma ufana nabantu abaningi, unemibuzo eminingi—imibuzo emayelana nesono, Ukuhlupheka, ukugula, ukufa, nokuthi kungani lokhu kwenzeka, kungani lokhuya kwenzeka, kungani Ezinye izinto zenzeka. Sinemibuzo ngemvelo futhi, kanye nazo zonke izimfihlo zayo. Kuyo yonke inqubekela phambili eyenziwa yisayensi ekusizeni thina siqonde kabanzi ngomhlaba kanye nezwe lonke ngokubanzi, kuningi esingakafinyeleli kuko. Kusukela ezintweni ezincane kuye emkhathini ngaphezu kwethu, kusukela ekuhambeni kwezinhlayiya kuye emihlabeni emikhulu esakazeke isibhakabhaka sonke, sinqwamana neqiniso elikhulu kakhulu futhi elijule kakhulu kunokuba siliqonde njengamanje, ikakhulu kulesisikhathi esincane esinaso lapha sokuba sizifundele lezizinto. Ngakolunye uhlangothi, uma unephakade lokufunda, akukho ukungabaza ukuthi izimfihlakalo eziningo ziyokuthi zixazululeke.

Izindimana ezilandelayo zisitshelani mayelana nalokho esizokufunda lapho sonke lesisiqephu sosizi sesono nokuhlupheka kanye nokufa sesiphelile ekugcineni na?

1 Kor. 13:12

---

1 Kor. 4:5

Sithenjisiwe ukuthi siyonikezwa ukuqonda izinto njengamanje ezisithele kithina. Yisithembiso esimangalisayo lesi, futhi, ukuthi lapho sibona futhi siqonda izinto njengamanje ezibukeka zilukhuni, siyomdumisa uNkulunkulu! Okubalulekile kithina manje ngukubambelela okholweni lwethu, sithembele ezithembisweni zikaNkulunkulu, siphila ngokukhanya esinako, futhi sibekezele kuze kube sekuhgcineni. Futhi izindaba ezilungileyo ngezokuthi "singakwenza konke ngoKristu osiqinisayo" thina (Fil. 4:13, NKJV).

Yimiphi Imibuzo elukhuni esinda inhliziyo yakho na? Yiziphi izinto ezibukeka zingaqondakali na? Ukufunda kwakho ukwethemba uNkulunkulu ngezinto oziqondayo kungakusiza kanjani kulezo, okwamanje, ongaziqondiyo na?

Isikole Sangale Kokufa

“Ngokuba usizi lwethu olululana olungolomzuzwana luyasisebenzela isilinganiso esikhulu kakhulu senkazimulo emiyo phakade, thina esingabheki okubonwayo kodwa okungabonwayo; ngokuba okubonwayo kungokwesikhashana, kepha okungabonwayo kungokwaphakade” (2 Kor. 4:17–19). Themba lini esilinikezwa yilezizindimana na? Kungaba Yiziphi Ezinye izinto zaphakade ezingabonwayo esizilindele, esizithenjisiwe ngoJesu na? Buka futhi iSamb. 21:1, 2; Samb. 2:7; Samb. 7:14–17.

Nakuba ziphatheka kanjani izithembiso esizinikezwayo kuJesu, nakuba ziningi kangakanani izizathu ezilungileyo zokuba sikholwe kuzo, iqiniso ngukuthi iBhayibheli lisinikeza nje ukusikisela, ukhasha, lwalokho okulindele thina. Kunye esingaqiniseka ngako, nokho, ngukuthi kuzoba kuhle kakhulu, ngoba ungacabanga ngobuhle bempilo lapho kungekho ukonakala kwesono!

Bonke ubuhlungu bethu, konke Ukuhlupheka kwethu, zonke izinto esilwa nazo lapha ziza ngesono kanye nemiphumela yaso isono. UKristu weza ukuzoqaqa konke lokho, futhi uyakubuyisela umhlaba kuloko uNkulunkulu ekuqaleni ayekuhlosile ngaphambi kokungena kwesono. Empeleni, uyoba ngcono, ngoba phakathi kwayo yonke lenkazimulo siyolokhu njalo sibona amanxeba ezandleni nasezinyaweni zikaJesu, inani lokuhlengwa kwethu.

“Lapho, ngenkathi ulwembu olufiphalisa ukubona kwethu selususiwe, futhi amehlo ethu ayakubona lowomhlaba wobuhle okumanje sibona nje ukhasha ngesibuko; ngenkathi sibuka izinkazimulo zamazulu, esiyibukela kude njengamanje, ngenkathi, isigoco sesono sisusiwe, wonke umhlaba uyakubonakala ‘ebuhleni beNkosi uNkulunkulu wethu,’ kuyovuleka okubanzi kokuba sikufunde! Lapho umfundi wesayensi angafunda imibiko yendalo futhi kungabikho lutho olumkhubuza ngomthetho wobubi. Angalalela umculo wamazwi endalo futhi angatholi nothi lokulila noma elosizi. Kuzo zonke izinto ezidaliweyo angabona Isandla esisodwa—kwizwe elibanzi abone ‘igama likaNkulunkulu lilotshwe ngobukhulu,’ futhi kungekho emhlabeni noma olwandle noma ezulwini uphawu lobubi obusele.”—Ellen G. White, *Education*, p. 303.

Zama ukucabanga ngalokho okuyoba yiko Ukuphila ingunaphakade emhlabeni omusha ngokuphelele, umhlaba ongenabo ubunzima esinabo lapha. Ukubona kuyinto enjani na? Yiziphi izinto obheke kuzo na?

UThisha Omkhulu

Njengoba sibonile kuyo yonke lekota, okukodwa okungumongo womsebenzi kaKristu lapha emhlabeni kwakungukuba nguThisha. Kusukela ekuqaleni komsebenzi Wakhe, noma kungezenzo, uJesu wayefundisa ngasosonke isikhathi abalandeli Bakhe amaqiniso Ngaye, ngoBaba, ngosindiso, nangethemba elisindelele thina (see Matt. 5:2, Mark 4:2, Luke 19:47, John 6:59). Nembala, konke okumele ukwenze ngukubuka amavangeli, noma yiliphi ivangeli, futhi kulo lonke uyothola uJesu efundisa. Futhi nakuba, namanje, ngeZwi Lakhe, iNkosi iqhubeka nokusifundisa, emhlabeni omusha lokhu kufundisa kuyoqhubeka. Kodwa cabanga ngendlela okuyokwehluka ngayo ekuphileni okungaxiniwe yisono kanye nakho konke okuyizithikamezo zaso.

"Uma sekuthiwa kuye: 'Iyini leyo mivimbo esezandleni zakho na?' uyakuthi: 'Engashaywa ngayo endlini yabathandiweyo bami" (Zech. 13:6). Ucabanga ukuthi lendimana ikhuluma ngani na?

"iminyaka yengunaphakade, njengoba iqhubeka, iyoletha izambulo ezicebile futhi nezinkulu ngoNkulunkulu kanye noKristu. Njengoba ulwazi luqhubeka, kanjalo uthando, inhlonipho, kanye nenjabulo kuyokwanda. Ngokuya abantu befunda ngoNkulunkulu, ngokuya bebabaza Isimilo Sakhe. Lapho uJesu evula phambi kwabo izingcebo zosindiso kanye nezimpumelelo ezimangalisayo empikiswaneni enkulu noSathane, izinhliziyo zabahlengiweyo zigcwala Ukukhonza okuqinile, futhi ngenjabulo ehlokomayo bathabathe amahabhu abo egolide; kuthi amazwi ayizinkulungwane eziphindwe ngezinkulungwane ahlangane ngengoma ehlokomayo yokudumisa. . . . "Impikiswano enkulu iphelile. Isono kanye nezoni akusekho. Lonke izwe lihlanzekile. Kuquma umthambo owodwa wokuzwana nentokozo kukho konke okudaliweyo. Kusuka Kuye owadala konke, kugeleza impilo nokukhanya nenjabulo, kuyo yonke indawo engenamkhawulo. Kusukela kwinhlayiya encane kunazo zonke kuze kufike emhlabeni omkhulu kunayo yonke, zonke izinto ezizwayo nezingezwa, ngobuhle bazo obungasibekele kanye nenjabulo, zimemezela ukuthi uNkulunkulu uluthando."—Ellen G. White, *The Great Controversy*, p. 678.

Kuwo onke amaqiniso amangalisayo esiyowafunda ephakadeni, alikho eliyosithathekisa kakhulu njengomhlatshelo kaKristu esikhundleni sethu. Cabanga ngokujula kanye nokuceba kwalokho esiyobe sikufunda kulo lonke iphakade. Namanje, ungafunda kanjani kangcono ukuthakasela lokho uJesu asenzele kona ngeSiphambano na?

Ukucabanga Kabanzi:

Funda u-Ellen G. White, "The School of the Hereafter," pp. 301–309 in *Education*; "The Controversy Ended," pp. 662–678, in The Great Controversy. "Ibhubesi, okumele silesabe lapha, ngalesosikhathi liyolala phansi newundlu, futhi konke Emhlabeni Omusha kuyoba ngukuthula nokuzwana. Imithi yoMhlaba Omusha iyoqonda ibe mide, ngaphandle kwesiyiko. . . . "Makuthi bonke lobubuhle emhlabeni wethu busikhumbuze ngomfula ocwebile kanye namasimu aluhlaza, imithi enyakazayo kanye nemithombo ephilayo, idolobha elikhanyayo kanye nabahlabeleli abambethe ezimhlobe izingubo, ngekhaya lethu lasezulwini—lelozwe lobuhle okungekho mdwebi ongalicabanga noma ulimi lwesintu elingalichaza. Umcabango wakho mawubone ikhaya labasindisweyo, futhi ukhumbule ukuthi kuyoba kuhle ngaphezu kokuba Umcabango wakho ungadweba."—Ellen G. White, *Heaven*, pp. 133, 134. "Ukwesaba ukwenza ifa lekusasa libonakale lingeliphathekayo kuholele abaningi ukuba balenze elezikamoya kuphela iqiniso elisenze salibuka njengekhaya lethu. UKristu waqinisekisa abafundi Bakhe ngokuthi wayehambele ukuyobalungiselela izindlu emzini kaBaba. Labo abamukela izimfundiso zezwi likaNkulunkulu ngeke bangazi ngendawo yokuhlala ezulwini. . . . Ulimi lwesintu alwanele ukuchaza umvuzo wabalungileyo. Uyokwaziwa kuphela yilabo abangaqonda inkazimulo yeParadesi kaNkulunkulu."—Ellen G. White, *The Great Controversy,* pp. 674, 675.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Gxila ephuzwini elenziwa ngu-Pascal, mayelana nabantu ababukeka bengenandaba nokuthi iphakade liyoza nani. Ucabanga ukuthi kungani abantu benjalo na? Kungani lona kungumondo ongaphusile ukuba nawo na?

2. Gxila kakhulu ekutheni kungani ithemba lempilo engunaphakade lisemqoka kakhulu okholweni lwethu. Ngaphandle kwalo, kungani ngempela singenalutho na?

3. Cabanga ngezimfihlo ezinkulu ezikhona kwimvelo. Kungaba yi-biology, geology, astronomy, physics, chemistry—kuyo yonke imikhakha konke kuba yinkimbinkimbi kunokuba abantu bebecabanga ekuqaleni. Ososayensi, ngokwesibonelo, abasakhulumi "ngokuphilayo okulula" ngoba, njengoba kwenzeka, nakho lokho okulula, akulula empeleni. Ukucusha ngakunye, ukuthola Okusha ngakunye, kubukeka kuletha Imibuzo eminingi kithi edinga izimpendulo. Konke lokhu kusisiza kanjani ukuba siqonde ububanzi balokho esiyobe sikufunda "esikoleni Sangale kokufa" na?